

USARS uqanda izenzo ezingemthetho embonini yobhejane

Tshwane, 22 kuMandulo 2022 – Ngokuhambisana ngokuphokophelwe okungamasu okwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abazibandakanya ezenzweni zokungathobeli imigomo, iminyango ekhethekile eminingi ngaphakathi oPhikweni Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) ugxile ophenyweni locwaningomabhuku entela oluhloselwe abakhokhintela abasolwa ngokungathobeli imigomo yentela, abalingisi kanye nabaxhumanisi abazuzangqo noma ngendlela engaqondile ngokugwema kwabo intela nokugeleza kwemali okungemthetho okusuka ebugebengwini bezilwane zasendle.

Kulandela umsebenzi owenziwe onhlakaningi wokuphoqelela umthetho obandakanya uMnyango Wokuphenywa Kwamacala Aseqhulwini (amaHawks) Isigaba Sokuthunjwa Kwezilwane Zasendle, uMnyango Wamaphoyisa Wemisebenzi Ekhethekile noPhiko Lombutho, Olwisana Nobunhloli, Uphiko Lokudliwa kwempahla, amapaki angaphansi kwe-SanPark, uMnyango Wezemvelo, UPhiko Lokushushisa Kuzwelonke kanye noPhiko Olukhethekile Lwezikweletu kwaSARS neZinja Ezihogela Umkhondo zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni benze uphenyo nokubamba ezindaweni eziyi-11 ezehlukile zabantu nezamabhizinisi asetshenzwa abantu ababandakanyeka ekugwemeni intela nasekuthumbeni izilwane zasendle.

Kuboshwe abantu abaningi kubandakanya namalungu oMnyango Wamaphoyisa kwabanjwa nempahla nemali obekusetshenziswe kulobu bugebengu. UPhiko Lokuphenywa Kwamacala Aseqhulwini luphinde lwahlonza amaroli amaningi nezimoto okusolwa njengezebiwe.

Lolu phenyo olwenzekayo lwentela yilo oluholele ekubonakaleni kwempumelelo kubandakanya ukululama kwezomthetho, izinqubo zamacala kanye namacala obugebengu kulabo ababandakanyeka ebugebengwini obubandakanyeka ekuthunjweni kwezilwane zasendle kubalwa phakathi nokuzingelwa okungemthetho kobhejane. Ukuthathwa kwezinyathelo zomthetho uSARS kumalungu obugebengu kubandakanya ukucwila nokudliwa kwenzuzo ephume ngenxa yalobu bugebengu.

Ukuze kuqiniseke izinto zokuphoqelelisa umthetho emingceleni uSARS uyaqhubeka nokuba ingxenye yokusebenza ngokubambisana nezisebenzeli zentela nehhovisi elilawula impahla emngceleni zasemazweni omhlaba aphesheya nokusebenzisana ne-INTERPOL, iNhlango Yomhlaba Yamahhovisi Alawula Impahla Emingceleni (i-WCO), uMbutho Wemisebenzi Yobugebengu Bentela (i-TFTC) kanye neSivumelwano Samazwe Ngamazwe Sokuhweba Ngokuphilayo Okusengcupheni Yokushabalala (i-CITES).

Ukugwenywa kwentela ilona cala eliningi ekugunyathweni kwemali. Mayelana nalokhu uSARS uzoqhubeka nokuthuthukisa ukuxhumana kwabo neSikhungo Sobunhloli Bezezimali (i-FIC), i-DPCI, uMnyango Wezamahlathi, Ezokudoba kanye Nezemvelo kanye nokuxhumana noMbuso Odidiyele Wokulwa NokuGunyathwa Kwemali eNingizimu Afrika (i-SAMLIT), okuwubudlelwane phakathi kwamazimele nohulumeni obuhloselwe ukulwa nobugebengu bezimali kanye nokugeleza kwemali okungemthetho okuhlobene nezenzo zobugebengu.

UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter uthe, “Ubugebengu obubandakanya izilwane zasendle kanye nokuhweba okungemthetho okwenziwa amaqembu ezizwe zonke akusabisi kuphela okuphilayo kwendalo okufana nobhejane namapangolini kodwa kunomthelela omubi embonini yezokuvakasha eNingizimu Afrika okuyiyo enegalelo elingaphezulu kuka-ZAR 268 billion (4.3%) we-GDP njalo ngonyaka futhi iqashe abantu abangaphezulu kuka-1.1 million. Ubugebengu kwezemvelo nokuhweba okungemthetho ngezimbiwa zemvelo nakho kusondelene nobugebengu bezezimali okufana nokugwema intela, ubugebengu bentela, ukugunyathwa kwemali, ukugeleza kwemali okungemthetho, inkohlakalo, ukushushunjiswa kwezidakamizwa kanye nokuthunjwa kwabantu.

“Ukuzingelwa okungemthetho kobhejane nokuhweba ngezimpondo zobhejane kubizwa ngobugebengu bukazwelonke nobamazwe omhlaba. Eminyakeni eyi-10 eyedlule bayizi-9,885 obhejane ababulawa e-Afrika ngokombiko wamhla zingama-22 kuNcwaba 2022 owenziwe yi-International Union for Conservation of Nature (IUCN), kubo kwakukhona obhejane abayizi-22,137, abamnyama nabamhlophe, abasele e-Afrika ekupheleni kuka-2021. Uphethe ngokuthi, "uSARS uzokwenza konke ngokuhlinzekelwa umthetho owusebenzisayo ukuqonda lezi zigebengu"

Ngosuku lobhejane, kukhuthazwa ukuthi uSARS usebenzisana nabaphoqelela umthetho basebenza ngokuzikhandla ukonga leli gugu likazwelonke ebe elwa nobugebengu bokugwema intela nokuthunjwa kwezilwane zasendle kanye nokugunyathwa kwemali. USARS uhlanganyela nomphakathi wamazwe omhlaba ekubungazeni uSuku Lwamazwe Ngamazwe Lobhejane.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana noSARS kuSARSMedia@sars.gov.za